# *QAPHELA UFUNDE !!!*

*IMIYALELO KUMFUNDI*

- *FUNDISISA LONKE iphepha ngaphambi kukuqala ukubhala.*
- *MUSA ukuxova izinombolo zemibuzo.*
- *Sebenzisa isiZulu esivumelekile.*
- *Bhala umsebenzi* OHLANZEKILE.
- *Sebenzisa* UBHALOMAGAMA *oluvumelekile.*
- *HLUKANISA kahle* ISIKHATHI *umbuzo ngamunye ukuze uqede kahle.*
- *Qala isiqephu ngasinye ekhasini* ELISHA
- *FUNDISISA iphepha lakho uma uqeda ukubhala.*

# IMIYALELO NGEZINCWADI

LELI PHEPHA LINEZINCWADI EZIMBILI

- PHENDULA IZINCWADI ZOMBILI OZIFUNDILE
- INCWADI NGAYINYE INEZINHLOBO EZIMBILI ZEMIBUZO.
- KHETHA UHLOBO OLULODWA LOMBUZO INCWADI NGAYINYE.
- INCWADI NGAYINYE INAMAMAKI ANGA-35.
- UMA SEZIHLANGENE ZOMBILI KUMELE ZIKHIPHE AMAMAKI ANGA-70.
- QINISEKA UKUTHI AMAMAKI AKHO EZINCWADI ZOMBILI AYAHLANGANA KAHLE UMA UWABALA.

# ISIQEPHU A

INCWADI
ITSHWELE LEMPANGELE- M.V. Bhengu

1. Fundisisa izihloko ezilandelayo bese ukhetha **ESISODWA** ubhale ngaso amagama ayi-190 kuya kwanga-240.

1.1 Igama lomuntu aliqanjwayo nalawo umlobi awaqamba abalingiswa bakhe usuke eqonde ukusifundisa okuthile ngawo. Ekufundeni kwakho incwadi " Itshwele Lempangele" ikuphi okufundile ngempilo ephilwa uSonqisha noNdelebuli ekhombi ukuthi umlobi amagama ayebaqambe wona ayahambisana nezenzo zabo futhi asithulela isifundo esizwakalayo ngempilo ephilwa abantu?

[35]

**NOMA**

1.2 Uthando lukaNdelebuli noShantha umlobi uluveze njengothando olwaludalwe ngendlela okwakungekho muntu ophilayo owayengakwazi ukuluqonda nokululawula ngisho nabo abanikazi balo uqobo. Bhala ucwaninge, uhlaziye ubuqiniso balo mbono
usekele uvo lwakho ngokufunde encwadini.

[35]

**NOMA**

2.

"Umshado wenzeni?"
Wathula sengathi akekho endlini uRaimonaash.
"Sesishadile noNdelebuli Baba."
Wezwa lelo wadiyazela uSalim. Wathi ubambelela ngodonga, kwaba sengathi luyaqhela, isandla sithatha kude ukufinyelela kulo. Umphumela walokho kwaba ukuntenga, waphinda futhi wantenga mawala, udonga lungazimisele ukumesekela. Akekho phakathi kukaShantha noRaimonaash owacabanga ukusukuma ambambe kumbe amesekele. Waye waqumbeka phansi, walala amankeyane. Washwashwatha indida yengxubevange yamagama okwabe kulukhuni ukuwachaza njengoba ulimi lwabe lugcwele umlomo nje.

Waba isiphepho uRaimonaash eqonde ekhishini. Wabuya nojeke wamanzi aqandayo, wawambumbuthela ebusweni. Qwebu! Kwakucaca nokho ukuthi usadidekile umqondo, zisantunta. Bamqukula bayombeka embhedeni, bema bambuka, bazanelisa ukuthi akukho ngozi alengela kuyo. Baphindela lapho kade bezikhinindela khona, bathi bayazama ukuxoxa, kwenqaba.
"Woza lapha!"
Waqonda kunina uShantha wema wamengama. Wasukuma kalusica uRaimonaash, wavula izingalo, yasamukela isimemo indodakazi yakhe. Wayisondeza esifubeni, wayibamba wayinkonkoshela, zehla zaphophoza kubo bobabili, begonene.
Emva kwaleso siwombe, kwafika uNdelebuli. Engena ngomnyango wazibonela, ukuthi kukhona okudla amantshontsho emsamo.

2.1 USalim wezwa liphi leli elase limdidizelisa? (1)

2.2 Kungani kubizwa ngomonakalo lokhu okubikwa uShantha kumama wakhe? (2)

2.2 Uma umlobi ethi udonga kwaba sengathi luyaqhela kuSalim kulesi sikhathi kungenxa yokuthi ukusiphi isimo uSalim mayelana nezinqumo ngoShantha manje. UNGADLULI emgqeni emithathu. (3)

2.4 Ukuntenga komzimba kaSalim manje kungase kube kuchaza kuphi ukuntenga abhekene nakho emzini wakhe. Chaza ngemigqa emibili. (2)

2.5 Yini edala ukuthi umlobi enze kungabibikho ocabanga ukumbamba noma ukumsekela phakathi kukaShantha noRaimonaash uSalim? Phendula ufakazise ngezinqumo zikaSalim. UNGADLULI emgqeni emithathu. (3)

2.6 Lokhu asekuzwile ngoShantha noNdelebuli kwamlalisa amankeyane uSalim .Umlobi uqonde ukusikhanyiselani ngesimo sokulala amankeyane kukaSalim la? UNGADLULI emgqeni emibili. (2)

2.7 Sonke isikhathi uma uSalim ekhuluma ngendaba yobudlelwane bukaShantha noNdelebuli besilizwa kahle izwi nephimbo lakhe kucacisa mayelana nalokho afisa kwenzeke. Bhala uchaze uveze umbono wakho ukuthi umlobi usemenzeleni washwashwatha futhi angezwakali manje? UNGADLULI emgqeni emithathu. (3)

2.8 Isenzo sikaRaimonaash sokuthela uSalim ngamanzi ebusweni maqede athi, qwebu kunokwenzeka ukuthi kumvusa ezimweni ezithile ezimbili ezingafani uSalim. Bhala uchaze ukuthi iziphi lezi zimo UNGADLULI emgqeni emithathu. (3)

2.9 URaimonaash ubiza indodakazi yakhe uShantha uyisondeza esifubeni sakhe maqede kuphophoze izinyembezi kubo bobabili lapha kulesi siqeshana. Lokhu kunokwenzeka ukuthi kusixoxela indaba ende ejulile eyisizathu saloku okwenzekayo phakathi kwalaba ababili.

Bhala uveze izizathu ezimbili ngemigqa ENGADLULILE kwemithathu ezingaba imbangela yalesi senzo. (3)

2.10 Yini edala ukuthi umlobi angenise uNdelebuli endlini ngalesi sikhathi sikaShantha noRaimonaash? (1)

2.11 Igama elithi, ""uqhwazalala"" lunikeza umqondo wokuthi sengathi uSalim usomile njengomqwayiba. Ake uhlaziye lesi sithombe avezwe eyisona lapha uchaze ukuthi kungase kube kunasizathu sini ukuthi avezwe enjalo. (2)

2.12 Lolu suku kubukeka kungusuku lokuqaqa ifindo ebelilokhu liya ngokuqhubeka libopheka liqina mayelana nobudlelwane bukaShantha noNdelebuli emindenini yabo bobabili. Isenzo sikaShantha kubazali bakhe simnike liphi igunya uNdelebuli? Chaza ukuthi siyini isizathu sempendulo yakho. EMITHATHU (3)

2.12 Konke loku okuxoxwa ngakho kulesi siqephu kwenzeke emva kokudlula kukagogo emhlabeni. Kunezinkolelo zezizwe ezintathu ezingafani esizibona zivela obala lapha sekuhlangene nokudlula kukagogo emhlabeni. Ziphawule lezi zinkolelo ezintathu bese uxoxa ngazo (3)

2.13 Njalo uma kufika uNdelebuli ekhaya umlobi usivezela uSonqisha ehlezi endaweni efanayo kodwa eyisithombe esiveza umqondo ongafani, eshibhini kwamakhelwane, ngaphansi kwesihlahla sompetshisi. Bhala uchaze ukuthi kusho ukuthini lokhu njengoba nanamuhla simthola ekhona futhi. UNGADLULI emgqeni emine. (3)

[35]

## ISIQEPHU B

**AMALANGABI**
**Mnuz. N.G. SIBIYA**

1. Fundisisa izihloko ezilandelayo bese ukhetha **ESISODWA** ozobhala ngaso amagama ayi-190 kuya kwanga-240.

1.1 Ucu uphawu lwesintu olwenziwa intombi ukuvuma insizwa ukuthi ibe isoka layo emva kokucabanga okujulile ngothando lwabo. Iqala ngokucabanga isebenzisa ubuchule, ihlaziya, ixuba, ichusha amagaqanga amibalabala obuhlalu. Noma lokhu kuqala kungabonakali ukuthi kuqondephi, kugcina sekuyinto enhle, equkethe umyalezo wobuhle nothando. Sebenzisa lesi sibonelo ukuhlaziya impilo yomlingiswa osemqoka uMisi Majola endaweni nasemphakathini ayesebenza kuwo ugcine esesesimweni agcina ekusona.

[35]

**NOMA**

1.2 Endabeni ethi, "Amalangabi" umlobi usebenzise izelamani ezimbili aziqambe ngamagama aqonde ukuveza ngawo umyalezo othile. Bhala uchaze igama ngalinye lomlingiswa ngendlela olizwa ngayo bese ubeka ukuthi lithwele muphi umyalezo. Lokhu kuzomele kuhambelane nendaba kusuka ekuqaleni kuze kufike ekugcineni.

[35]

**NOMA**

"Umama uzothini?"

"Yingane yami phela lena."

Bangene endlini. Usevule izikhwama uMazinyo. Akabingelelanga nakubingelela. Usejuluke wamanzi te. Sekuvimbanise iphunga lemithi eshiswa lapha endlini. Useyiphethe ingane. Uyayishunqisela, ude evungama yedwa, kungezwakali ukuthi uthini.

Dukuduku kutheleke uMaKhuzwayo, unina kaVolovolo. Wo, sisuke isidumo: "Kuyoze kube nini kodwa Volovolo ngikukhuza ngithi hlukana nalezi zinyanga zakho? Usuzogcwalisa amademoni lapha?" Useyaveva uMaKhuzwayo. Akafuni nokuyizwa phela indaba yezinyanga nemithi selokhu aqala ukusonta.

Ushube umoya phandle. Phela akabange esangena nasendlini uMaKhuzwayo. Bayathethisana benoVolovolo.

"Yingane yami phela lena mama. Nginelungelo lokuyifunela noma yiluphi usizo."

"Wusizo yini ukulanda izinto zobumnyama? Uthi sisazosebenza nje isiwasho sikaMakhoba? Ngiyazisa ngomzukulu wami!"

"Izosinda mama ingane."

"Ngeke isasinda Volovolo. Ngeke sisasebenza isiwasho nemikhuleko yethu." Abitoze uMaKhuzwayo. Uyaveva. "Kawuqali njalo Volovolo. Kangithi nokutholakala kwale ngane kwaba yinhlanhla. Ngathi sengiyaluze phansi phezulu kubathandazeli, sebemsizile nomakoti, wena wamthatha wamyisa kule nyanga yakho."

1. Ubani lo Thulebona okuxoxwa ngaye lapha? (1)

2. Obani laba abaxoxayo ekuqaleni kwesiqephu? (1)

3. Umama kabani lo ukubuzwana ukuthi uzothini? (1)

4. Kuthiwa uzothini umama ngoba kwenzekeni? (2)

5. Kwenzenjani njengoba uMazinyo eshunqisa nje? (1)

6. Kulaba bangani bakamamezala wakhe uMaKhuzwayo kukhona angimfuni nhlobo. Bhala

7. usho ukuthi ubani bese usho nesizathu sokungathandwa kwakhe. UNGADLULI emgqeni emibili. (2)

8. Kuzwakala sengathi bonke laba bantu abalapha bahlangene ngento eyodwa. Bhala uchaze ukuthi yini abahlangene ngayo bese usho ukuthi pho ukungqubuzana kwemibono kuqhamuka kanjani. IMIGQA emithathu. (3)

9. Ukusonta nokusebenzisa imithi yezinyanga akufanele neze kuhlanganiswe. Bhala ubeke owakho umbono mayelana nalo mbandela. (3)

10. Wonke umuntu ucabanga ukuthi inkolo yakhe akholelwa kuyo ingcono kakhulu kuneyomunye umuntu. Loku kungase kudale izinkinga noma isixazululo. Bhala ubeke umbono wakho ubhekise kulo mndeni okubhalwe ngawo lapha. (3)

11. Esimnweni sikaMaNgcobo kubukeka sengathi isu likaMaKhuzwayo noma elikaVolovolo elamsiza ukuthi bathole ingane. Bhala ucacise uveze nezizathu zempendulo yakho. (4)

12. UVolovolo kukhona ukuthi ngakolunye uhlangothi kwakufanele azidele isithunzi sakhe

13. ukuze athole esinye isithunzi ngokwasemehlweni omphakathi. Bhala ubeke uvo lwakho mayelana nalo mbandela ufakazise ngaloko okufundile endabeni ngoMaNgcobo noVolovolo. (4)

14. Phendula ngegama ELILODWA embuzweni elandelayo.

14.1 UMaNgcobo wayesola ..........omunye umngani kaMaKhuzwayo okwakuthiwa uyathakatha.

14.2 UMaKhuzwayo wayekholelwa ukuthi ingane izosindiswa............zomthandazi.

14.3............owayenezingxemu wafika naye ezobona ingane. (3)

15. Khetha igama ELILODWA elilungile ubhale lona kuphela phansi

15.1 Inyanga eyelapha uThulebona ( uMazolo, uMazingo, uMazinyo)

15.2 Umuzi wale nyanga usendaweni okuthiwa (iKhangela, iKhangeza, iKhangelani)

15.3 Uma uMaNgcobo elalisa uThulebona umthakazela athi, ( Ndabeni, Mthiya, Mthiba)

15.4 Umthandazeli onconywa uMaKhuzwayo ( uMakhubo, uMakhuzeni, uMakhoba)

15.5 Uma isikhala kakhulu ingane uMaNgcobo wayeyishisela ( ikhandlela, umsuzwane , impepho)

(5 )

[35]

ISAMBA 70